# *Indlela Ehlinzekwe NguNkulunkulu*

Ngiyabonga, Mfowethu Sothmann.

Sanibona ekuseni, bangane. Kungukuthi, ngempela lokhu ngikuthatha njengenhlanhla enkulu ukubuya futhi nalomphakathi lapha eCanada. Sekunesikhathi esithile selokhu ngaba lapha ngaphambilini, futhi bengihlala njalo ngilangazelela ukubuya.

2 Ngiyabathanda abantu basenkangala nabantu basezintabeni, bangabantu basekhaya nje, lutho, lokho esikubiza ezansi eStates, nje, "abalula nabajwayelekile," abantu bangempela nje, ukuthi wena nje, akukho lutho oluyisitashi ngabo, bangabantu nje abathemba uNkulunkulu, futhi abakholwa uNkulunkulu, futhi bathobekile ezinhliziyweni zabo. Futhi yileyondlela uNkulunkulu asebenza ngayo, ngabantu abanjalo.

3 Akuthathi amabandla amakhulu. UJesu akakaze athembise ukubuthana namabandla amakhulu. Wethembisa ukubuthana njengema-. . ., e, "Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, lapho Ngiyoba phakathi kwabo." Kanti futhi Lithi, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana ndawonye futhi bakhuleke, khona-ke Ngiyakuzwa ngiseZulwini futhi ngiphulukise izwe labo."

4 Futhi ku. . .Lesi yisikhathi esikhulu. Bengizela ngempela iholidi elincane. Kade ngisemgwaqeni manje, njalonjalo, izinyanga eziyisithupha. Nemihlangano *inokubhidliza* okukhulu kubumina. Futhi bengidinga ukuphumula okuncane, futhi ngacabanga, "Awu, kuphakathi kokuthi ngizokwehla nomngani wami, uMfowethu Welch Evans, ezansi eFlorida, futhi ngidobe isikhashana," khona-ke kwenzeka ngacabanga, "uyazi, bekungaba kuhle ngempela uma ngenyukela eDawson Creek futhi ngadoba isikhashanyana, ngahamba ngayozingela, ngibona umngane wami uChris Berg, nabanye babazalwane ngakhona." Ngacabanga, "Bengingeke ngenzele uNkulunkulu udumo ngaphandle uma ngibe nezinkonzo ezithile lapho zabantu."

5 Ngakho khona-ke konke kwafinyelela entweni eyodwa, futhi ngedlula ezimemweni zami, futhi ngathola omunye wayethathe indawo kaMfowethu Hunter ngale eDawson. Ngakho ngishayele lomfowethu, angilazi ngempela igama lakhe, angahle ukuba ulapha kulokhu ukusa, futhi ngibiza-. . .nginencwadi eya kuye. Wayesebhala ephendula wayesethi, "Ngani, impela sizohlela

umhlangano noma emibili, noma ubusuku noma obubili, senzele wena lapha." Futhi wathi, "Ngizokulungisela umphelekezeli ukuba uphume uyodoba."

6 Futhi—futhi ngakho lokho kunginika ithuba lokuba ngize futhi ngivakashe nani. Futhi ngakho-ke bayehla, ngathi, "Awu, ningakhohlwa iGrande Prairie, ngoba ngima lapho, mhlawumbe bangangibekezelela usuku noma ezimbili, ngisephakathi lapho." Ngakho kukanjalo silapha kulokhu ukusa.

7 Kodwa siza uku—ukuba sibe yisibusiso kini. Futhi ngineqiniso nizoba yisibusiso kithi. Futhi silapha, hhayi ukumela noma iyiphi inhlangano, sizama nje ukumela uKristu, futhi NguYe. Futhi ngineqiniso ukuthi U—U . . . niyaMazi njengoMsindisi wenu, noma ngithemba ukuthi niyamazi, ekuthethelelweni kwezono zenu, nasekugcwalisweni kukaMoya.

8 Futhi manje, izikhathi eziningi lapho engihamba khona ngiyokhulekela abagulayo emhlabeni jikelele, abanye babo uthi, "Mfowethu Branham, umphulukisi ngokukaNkulunkulu." Manje, lelo yiphutha. Angiyena umphulukisi, angikholwa ukuthi noma yimuphi omunye umuntu ungumphulukisi, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unguMphulukisi. Futhi uNkulunkulu usevele ukwenzele konke lokho okungenziwa. Manje, into elandelayo ngukukholwa kwakho ukuba ukholwe emsebenzini waKhe osuqediwe.

9 Futhi angizi neze ukuthatha indawo kadokotela. Angisuye udokotela. Futhi ngi—ngiza ukuzokhulekela abantwana bakaNkulunkulu, iziguli zikadokotela, abangane bami. Futhi yilokho esikuzele lapha. Futhi siyajabula ukuthola ukuhlangana kuleli elisha, elihle, ibandla elincane, sihlezi phezulu le lapha e—enkangala, abantu abakahle.

10 Futhi ngifika izolo, ngiqaphelile, kwangikhumbuza nge, noma, ngenkathi ubaba wami wayevame ukungitshela, ezansi esifundazweni saseKentucky, lapho engazalelwa khona, babevame ukungena futhi basahe phansi izihlahla futhi bazigingqe, babe nezingodo ezigingqikayo futhi bazishise, niyazi, futhi abesilisa babewomisa wonke ummbila, nabesifazane benze uswidi, futhi babe nokugingqa izingodo, niyazi, futhi bathathe, ngiqagele konke lokho kungokungaziwa kini bantu ezansi lapha, futhi babe notiligi wamabele.

11 Ngibuke ngale kumfo ovela eGeorgia, uthe ukumamatheka, uyazi ukuthi utiligi wamabele uyini. Ngiyamangala ukuthi bangaki lapha owaziyo ukuthi utiligi wamabele uyini na? Uvela kuyiphi ingxenye yeKentucky, Dadewethu na? Yebo. Awu, impela ngiyawuthanda. Futhi sasivame ukwengula amabele futhi sibe nesikhathi esimnandi.

12 Manje, futhi okudala, esivela kukho, iSouthern Missionary Baptisti endala, lapho sasiba nemibuthano futhi sibe nedina enkudleni, sibe nokugezana iziNyawo. Bangaki abaziyo ukuthi

kuyini ukugezana iziNyawo na? Ukuba neziNyawo-. . ., o, lokho kuza ngqo ngale ebandleni lePentecostal. Besiyoba nezikhathi ezinkulu lapho, amajubili amakhulu.

13 Futhi manje, sibuthene ukuba, manje, okohlobo olwehlukile lwejubili, ijubili lokomoya, okungukuthi sonke sijwayelene nezinto, nobuhle bukaNkulunkulu, nomusa waKhe.

14 Ngiyakhumbula lapha, ngaphambilini, kwakukhona abanye abantu abakahle. Ngingahle ngilibize ngokungesikho leli—leligama lesiNorway noma isiSwidi, noma ngabe kwakuyini, Mina, kimi kubonakala sengathi igama labo kwakungu*Bonderud*, noma *Bonderud*, noma okuthize. Bangikhiphela lapha ukudubula amahansi ngokunye ukusa. Futhi ngiyanitshela, umusa wabo wawumuhle kakhulu, wacishe wangibulala.

15 Emva kokuba sengiqede inkonzo ngalobobusuku, babenesikhulukazi, awu, sikubiza ezansi eStates, isidlo sakusihlwa, ngicabanga ukuthi nikubiza phezulu lapha, ngedina. Ngi—ngihlala njalo ngixoveka kulokho. Uma—uma—uma lokho ku—kuyidina, khona-ke ngizokudla nini ukudla kwakusihlwa na? Niyabo, ngi—ngixoveka ngakho konke futhi ngigeje ukudla ndawondawo uma lokho—uma lokho, uma isikhathi sokuhlwa siyidina.

16 Manje, ezansi eNingizimu, sikubiza ngesidlo sethu sasekuseni, idina lethu, nesidlo sethu sakusihlwa. Khona-ke uma *leli* kuyidina lami ngapha *ekugcineni*, khona-ke kwenzekani ngedina lami na? Niyabo, kuphi, khona-ke kuphi, uma leli kuyidina lami, khona-ke kungena kuphi ukudla kwami kwakusihlwa na? Ngokusa okulandelayo, uthi ukudla kwasekuseni. Ngakho nje angikutholi kahle.

17 Ngakho empeleni, ngizokusho ngendlela ebengikwazi ngayo ngokwedlula konke, ngibe nokudla kwakusihlwa okubili. Ngibe nokukodwa phandle lapho, ngase-ke ngilala cishe, o, ngicabanga ukuthi cishe ngehora lokuqala nqo, noma ngeleshumi nambili nqo, futhi cishe ngelesine nqo ngokusa okulandelayo bebengivusile ngo, ukudla kwami kwasekuseni. Futhi bengiphandle ensimini, indima yokusanhlamvu, ngimba umgodi ukuba ngigaqe kuwo, ukucashela amahansi. Futhi khona-ke, sabuya cishe emahoreni amabili kamuva. Ngi—ngi . . . Konke lokhu ukudla kwakusihlwa engikugejile enhla lapha, konke kwakhokhelwa laphaya, ngoba ngiyabuya ngiyangena, ngibe nokunye ukudla kwasekuseni, ngakho-ke ngibe nokubili ngalolosuku, ngakho konke ngangi . . . Angisoze ngabakhohlwa labobantu, ngiyethemba ngithola ukubabona ngiselapha.

18 Babenabanye abantu enhla eDawson Creek. Omunye wabo kwakungumfundisi. Angazi, kodwa kubonakale kimi sengathi ngi . . . ngabe ngilibiza kahle lelogama na? *Bonderud*, *Bonderud*, *Bonderud*? Omunye wabo wayengumfundisi. U-

Einar, ngiyakholwa, noma u-Ined na? Einar? Iver, Iver. Umfo omkhulukazi, umfo okahle futhi waye...Ngithi ngiyethemba...Ini? [Umfowethu uthi, "Ulaphaya, ngale kokwesibili."—Umhl.] Iver Bonderud, awu, awu, awu, mina ngimi lapha ngikhuluma ngaye, futhi nangu emile, engilalele. Kungcono ngiyeke ukukhuluma ngalokho, khona manje. Kulungile.

19 Ngabe uyihlo nonyoko usehambile, Mfowethu Bonderud na? Bobabili. Angisoze ngabakhohlwa labo baseNorway abancane. Ngangisekhaya lakhe, indlu yomfundisi yakhe phandle lapho. Futhi ngangihlala lapho izinsuku ezimbalwa endaweni encane, iGround Birch. Ngabe kunjalo na? NoMama omncane noBaba uBonderud, abaseNorway abadadlana, ngi...ngabe kunjalo na? Noma abaseSwidi? Omunye weScandina-..., waseNorway. Phezulu lapho ekhaya, nobaba uyehla ukuyomlanda, e, athole igrosa esitolo esincane, nomama ubehlezi efasiteleni, niyazi, futhi ubelokhu ehlehlisa ikhethini, embheke ukuba afike.

20 Emva kwesikhashana, nangu eza, egqabashiya, niyazi. Futhi u—ubephethe ibhakede elincane esandleni sakhe amaphakethe amancane ambalwa ekhwapheni lakhe. Futhi umama umbone eza, nangu wahamba ukuyomhlangabeza, niyazi. Futhi wathatha amanye amaphakethe wayesembambatha emhlane, niyazi. Futhi nampa bahamba, ababili, izithandani ezincane ziza. O, ngavele ngaphakamisa izandla zami nje ngase ngikhala izinyembezi, ngacabanga, "Akukuhle lokho na?"

21 Futhi ngosuku olulandelayo saba nejubili lokwazi ukudla okuhle, ngoba bebenabo bonke abantwana abangenayo, bebenakho konke okwedina. Futhi lokho bekungeleshumi nambili nqo, niyazi. Ngakho saba nedina elikhulu elendlaliwe lapho.

22 Futhi bengifuna ukukhuluma kabi kabi nalezozithandani ezindadlana, futhi a—angicabangi ukuthi bezingakhuluma igama elilodwa lesiNgisi, futhi angikwazanga ukukhuluma nelilodwa igama laseNorway, ngakho asikwazanga ukuhambisana senza izimpawu komunye nomunye, omunye uyafika futhi wangihumushela. Ngase ngithi, "Uyazi, ngolunye lwalezizinsuku lapho ngiwela umfula, ngehla ngemigwaqo yaseNkazimulweni, ngilindele ukubona indoda ebukekayo yaseNorway nomuhle, owesifazane omncane waseNorway, bebancane, bengasophinde baguge. Futhi ngiyothi, 'Angikwazi yini na?' Bathi, 'O, yebo, Mfowethu Branham, uyangazi, sakuphakela ihansi lasendle ngolunye usuku etafuleni ngenkathi sasiphansi emhlabeni.'"

23 Futhi ngiyezwa ukuthi bobabili baye kuleloKhaya laseZulwini. UNkulunkulu aphumuze imiphefumulo yabo eyigugu ngokuthula ngumkhuleko wami.

24 Manje, kulokhu ukusa sinikeze indlela, nomelusi muhle kakhulu ukusinika lesisikhathi esincane sesingeniso, uhlobo lwakho, enkonzweni. Futhi ngokwejwayelekile angishumayeli ngale, uma ngiyoshumayela, ngaphezu kwamahora ayisithupha noma into efana naleyo, ngivame ukuphuma cishe, cishe, emva kwamahora amane kuya kwayisithupha okushumayela, ngaphezulu noma ngaphansi. Ngakho ba. . . Kodwa kulokhu ukusa sizothatha kuphela cishe imizuzu engamashumi amathathu yesingeniso nje, khona-ke, lokhu, ngoba nifanele niye ekhaya, futhi nidle, bese nibuya futhi ligamenxe elesibili.

25 Bangaki abantu abalindele ukukhulekelwa ngalesisikhathi semihlangano na? Asibone izandla zenu, ngokuzungeza isakhiwo. Kulungile. Manje, uma unanoma yibaphi abantu, khumbula kuzoshesha ngempela. Sifanele siphuthume singene, siphuthume siphume. Siqhubekela eDawson. Futhi ngakho, nibathola lapha kulentambama. Ligamenxe elesibili yilapho inkonzo iqala khona na?

26 O, ngibe nabo lapha ngeyishumi nanhlanu kushaye, into efana naleyo, nendodana yami, emuva lapho, izoza ibanike amakhadi omkhuleko, noma ubani owafunayo. Futhi khona-ke asizukuba, njengenkundla yomdlalo, wonke umuntu uzovele akhuphuke lapho izinombolo zabo sezibizwa futhi sizobakhulekela ngaleyondlela.

Futhi manje, uma unanoma yibaphi omakhelwane ofuna ukukhulekelwa, bakhipheni kuse-eli kulentambama ukuba bathole ikhadi lomkhuleko.

27 Manje, ngaphambi kokuba sisondele eZwini, asisondele kuMqalisi weZwi ngendlela yomkhuleko, sisakhothamisa amakhanda ethu.

28 Nkulunkulu onomusa noNgcwele, siza eBukhoneni baKho ngendlela yomkhuleko, eGameni leNkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu eyigugu nekhazimulayo. Ngokuba siyafundiswa emiBhalweni ukuthi Wathi kithi uma siyakucela uBaba noma yini eGameni laKhe, siyakunikwa khona.

29 Manje, uma besifanele size egameni lalelibandla elithandekayo, noma egameni labelusi, noma egameni lesizwe, bekungeke kusisize ngalutho, futhi besinga—besingeke sibe nokukholwa ukuthi umkhuleko wethu uyophendulwa. Kodwa lapho siza ngaleloGama elenele konke leNkosi uJesu, sinesiqiniseko sokuthi uNkulunkulu uzosipha lokho esikucelayo.

30 Ngakho-ke silinganisa umkhuleko wethu ukubona ukuthi sizocela noma yini engalungile, ukubona ukuthi sifanele yini sibe nempokophelo eyiphutha ekufikeni kwethu lapha, noma ukucela kwethu, noma injongo ebesingaba nayo ekuceleni izinto ezinjalo. Ngakho siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uhlole izinhliziyo zethu, ngokuba simi eBukhoneni

baKho obuNgcwele kulelitabernakele, sazi ukuthi singabantu ababoshelwe iPhakade, namakhanda ethu ekhotheme othulini lapho Osithathe khona.

31 Futhi sethemba ngesizotha ukuthi ngelinye ilanga Uzothumela uJesu. Futhi siyophakanyiswa kulomzimba wothuli siye emzimbeni owenziwe wafana nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, lapho okungeke kusaba khona ukukhulekelwa kwabagulayo, akuyikubakho-mihlangano yomkhuleko yobusuku bonke yabalahlekile, kodwa abahlengiweyo bayoba seMzini futhi bayohamba ekuKhanyeni kwawo kuze kube phakade. O, izinhliziyo zethu zilangazelela lokho.

32 Kodwa kusesemini futhi sinethuba, sicindezela kuWe, Nkosi, ngokuhola kwaKho kobuNkulunkulu nezihe. Futhi sithemba ukuthi Uzonikeza lelidolobha elincane ukuphaphama okukhulu eqinisweni likaKristu phakathi kwethu namanje namhlanje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili kusukela ekubethelweni kwaKhe, ukuthi Akafile, kodwa Uyaphila kuze kube phakade.

33 Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzovumela imiBhalo igcwaliseke, eyakhulunywa kubafundi, ngenkathi Uthi, "Nxa ningena emzini, phulukisani abagulayo osemzini." Ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi bonke abahlushwa yisono, ukuthi bazophulukiswa kuqala, bese kuthi-ke, ukuthi bonke, abahluphekile ngokomzimba bazophulukiswa.

34 Futhi kwangathi kungabakhona imvuselelo eshanela kulesisigodi esincane lapha, ezobangela ukulamba nokoma okunjalo, ngokuba kulotshiwe ukuthi, "Nina ningusawoti womhlaba, futhi uma umhlabathi udu-. . ., noma, usawoti udumele, awusasizi ngalutho, kodwa ukulahlwa phansi kwezinyawo zabantu, unyathelwe phansi." Kodwa, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzovumela uKristu abe sezimpilweni zethu ngokoqobo *kakhulu* ukuthi abantu bazokomela Yena. Makabe yisizinda sokuheha, Nkosi. Futhi sizoKudumisa ngakho ngokuzithoba futhi sikhothamise amakhanda ethu ngentobeko, siKunika lonke udumo.

35 Busisa umelusi lapha, nabelusi abahlangana nabo, lonke ibandla edolobheni nakuwo wonke umphakathi, onke amalunga awo onke amabandla. Kwangathi singeza nganhliziyonye nakuzwana kunye futhi sibone inkazimulo yeNkosi yethu evukileyo. Siyakucela, eGameni laKhe, nangenkazimulo yaKhe. Amen.

36 Ngendlela nje yo—yokwethula imihlangano, ngithanda ukusho ukuthi siyafika usuku ngalunye, nje siqhube umkhankaso omncane. Noma yimiphi imibuzo, ungahle ubuze uMfowethu Sothmann, futhi uzokwazi ukukuqondisa, yena nabelusi.

37 Futhi manje, imibuzo ngemibono yezenkolo, angizami ukuyiphendula ngoba lowo ngumelusi, uyabona thina, e, ngingaqoka ukuthi ibandla ngalinye lazane, umelusi wabo uyindoda kaNkulunkulu, ubahole ngokuphepha kuze kube la, ukuze abaqhubele phambili, niyabo.

38 Ngakho manje, woza, ukholwa. Mhlawumpe, mhlawumbe emhlanganweni olandelayo noma kanjalo, kungahle kube nabangaphandle o—ongaphandle kwamazinga ePentecostal neFull Gospel. Futhi sifuna ukuqiniseka, sazi ukuthi simi kuphi, ngoba akekho umuntu ongahamba ngaphandle kokuthi uqinisekile ukuthi uyazi lapho eya khona. Niyabo? Si—siyazi lapho simi khona, ngoba sihamba nemiBhalo, sikholwa ukuthi uNkulunkulu ugcina lonke iZwi futhi aLenze libe yilo ngempela. Niyabo? Uma ungakukholwa lokho, khona-ke singeke—singeke sahamba noNkulunkulu.

39 Futhi manje, usuku ngalunye, ngalunye, ngaphambi kwenkonzo ngayinye, abafana bazokwehla futhi banikeze, noma, uBilly, ngokwejwayelekile uLeo noGene, abathi ababe babili abahambisana nabo ba—bayahambisana emikhankasweni emikhulu, futhi bayasiza ekukhipheni amakhadi futhi, kodwa indodana yami ikhona ngalesisikhathi, futhi izoninika amakhadi omkhuleko cishe ihora ngaphambi komhlangano ngamunye ukuze singaphazamisi a—abantu ongenela uku, e, kuzwa inkonzo, imihlangano yesingeniso nokunye nokunye.

40 Manje, uma ugcina irekhodi lomBhalo lalokho, ngezinye izikhathi, abefundisi abakufundayo, ngingathanda ukunifundela eTestamenteni eLisha, iNcwadi kaJohane oNgcwele, isahluko 12 nevesi 32, okwesingeniso, futhi kulokhu ngifisa ukudonsa lendikimba ibe yingqikithi. UJesu wayekhuluma. O, bengingathanda ukuMuzwa ekhuluma. Nje, ngiyazi sonke silambele lokho.

> *Mina, nxa ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsela kimi bonke.*

41 Manje, sineculo elincane ezansi eStates, sicula lelo, *Uma Ngiphakanyiswa*. Manje, ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi *INdlela Ehlinzekwe NguNkulunkulu*. UNkulunkulu unendlela ehlinzekiwe.

42 Manje, umuntu uyathanda ezweni ukuzama ukwenza okuthile ukuzuza ngempumelelo okuthile. Unjalo, ufuna ukuzenzela yena. Ngi. . .Ngiyaxolisa ukuthi kwenziwe ngaleyondlela, kodwa isintu singaleyondlela nje. Umuntu uzama ukwenza okuthile ukuze azenzele ukuzuza ngempumelelo.

43 Njengoba bengikhuphuka izolo emigwaqeni emikhulu, ngedlula emadolobheni amabili amakhulu ngezansi lapha, iCalgary ne—ne-Edmonton. Futhi bengikhuluma nendodana yami ngenkathi ngingena ukuyothenga upetroli. Futhi

ngenkathi ngibuka phezu kwephampu futhi bekuthi, “Amasenti angamashumi amathathu nesishiyagalolunye igalani,” ngathi, “angiqondi ukuthi bakwenza kanjani.”

44 Sikhokha cishe amasenti angamashumi amathathu nanhlanu igalani ngalopetroli eStates, futhi bayawenyusa lapha. Esikhundleni segalani elingamakota amane, kukunika igalani elingamakota amahlanu ngamasenti angamashumi amathathu nesishiyagalolunye. Ngakho-ke, bangalithengisa phezulu le lapha enkangala, lishibhile kunawe ulithengisa e-United States, futhi nokho livela e-United States, lakhushulelwa lapha. Uhulumeni uyalithenga, bese kuthi-ke umthengi alithengise, kusobala, khona-ke uhulumeni esusa izintela kulokho kumthengi, azibuyisele kuhulumeni.

Futhi uBilly wathi, kimi, “Ngabe lokho kubonakala kulungile, Babayi na?”

Ngathi, “Awu, sithola ukuthi baqhubeka kangcono kunoma senza.”

45 Manje, uma niqaphela, ngifisa ukusho lokhu ngeCanada. Ngiyakholwa uma uJesu ubengalibala, ngokuba, asithi, iminyaka engamashumi amahlanu, ukuthi lesisizwe siyohola izizwe zomhlaba. Lesi kuyoba yisizwe esivelele somhlaba, uma uJesu elibala. Ngoba nguhulumeni wenu ogqoke insimbi, niyabo, ne—nezinto, umcebo wemvelo ofanele wakhele kuwo.

46 Manje, izindawo zenu zimbozwe ngu-oyela nokumbiwa phansi, ne—nezintaba zenu zigcwele igolide, nesiliva, ne-uraniyamu, nepotashi, nokunye okuningi. Ninakho, senicishe nibe ngokuphindiwe okukodwa nokubili kokuthathu okukhulu njenge-United States, iDominion yaseCanada.

47 Nokho edolobheni, noma, esifundazweni saseNew York, banabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili namashumi ayisishiyagalolunye-nesithupha ngaphezulu esifundazweni saseNew York, kunoma iCanada inakho eDominion ephelele. Ninakho, lapha, ukwenza *ngakho*, kuphela aninalo inani eliminyene, futhi leso yisibusiso, ngokuba lapho inani labantu, abantu beqala ukubuthana ndawonye, isono siyangena.

Namuhla ekuseni ngenkathi sidla esiteshini samabhasi, indodana yami nami, ithe, “Baba, bengingathanda ukuhlala lapha.”

“O,” ngathi, “ubani obengeke na?” Niyabo? Leli yiparadisi. Mhlawumbe anikuqondi.

48 Abaningi, njengamanenekazi, balangazelela amadolobha amakhulu, izikhathi eziningi. Futhi *lokho*, ungakulangazeleli neze *lokho*. O, he! Thatha *lokhu* noma nini. Nansi indawo yokukhulisa abantwana bakho. Nansi indawo ongayinikela kakhulu ukwenzela abantwana bakho, kakhulu kubantwana

bakho, kakhulu ngawe uqobo, kunanoma iyiphi indawo engiyaziyo.

49 Imali yenu inenani eliphakeme kunawo onke, noma liphakeme kangako, uma lingaphakeme ngokwedlulele, kunanoma yisiphi esinye isizwe emhlabeni. Ngani na? Ngenxa yokuthi nitshala ukolo wakho, uhulumeni uyawuthatha futhi anithengisele wona, nemali ifanele ibekwe, ukheshi.

50 Manje, e-United States, umlimi utshala ukolo, uhulumeni uyamkhokhela ngezimali zikahulumeni, bese-ke ewthatha, bese ewudedela uphumele kwezinye izizwe futhi azilokothi ziyikhokhe. Abanye babo kade beyikweleta amakhulu eminyaka futhi abayikhokhi neze. Futhi kuphuma ezimalini zikahulumeni, okungukungena kancane kancane nokubeka phansi isizwe. Futhi masinya sizofanele siwe, yilokho kuphela.

51 Futhi manje, asisenayo ingcebo yemvelo; unenqwaba yengcebo yemvelo, ngoba uma wena nami si. . . Ngikudayisela irayisi ngokolo, kodwa lapho ngiphelelwa irayisi, khona-ke ini? Niyabo?

52 Manje, ninengcebo yemvelo, ngakho ninjalo, ngaphezu kwanoma iyiphi indawo emhlabeni, ngakho niyisizwe esikhulayo, esizayo. Ngase ngithi, "Nginomfanyana oneminyaka emihlanu ubudala." Ngathi, "Indoda yaseCanada lapha, kumfana wayo omncane oneminyaka emihlanu ubudala, ingathi, 'Ndodana, ngiyakukhulisa lapha esizweni lapho kunekusasa elikhulu kulesisizwe.'" Ngathi, khona-ke, "Angamnika okuningi, kumntanakhe ngokombono kazwelonke, kunoma iMelika ingakwenza, noma iStates singenza, endodaneni esezansi lapho, ngoba ninesendlalelo esiningi lapha ongadonsa kuso, into ethize ethembisayo," nokunye nokunye.

53 Manje, kodwa uma iRashiya ike ize e-United States, engesinye sezizwe eziholayo zezwe lasentshonalanga, bebengeke bafune ukusiqhumisa, bebengakwenza, uma bebefuna, khona manje, noma besingaqhumisa *lokho*. Kodwa abasoze bakwenza, ngoba bayobhubhisa yonke into, bafuna umcebo wesizwe, ngakho khona-ke, bazozama ukubalalisa.

54 Futhi into eyodwa, angicabangi ukuthi impi izoba impi yomcibisholo ojikijelwayo imizayili. Kodwa ngicabanga ukuthi kuyoba yimpi yokomoya, ezongena futhi nje ingamele isizwe futhi ibalalise, baze bangene futhi babambe. Awu, uma bebamba lapho futhi bathathe i-United States, iCanada iyinto encane kubo.

55 Ngakho khona-ke, akukho lutho ngempela ezweni esingakhela phezu kwalo amathemba ethu, niyabo, phezu kwanoma yikuphi ukuzuza ngempumelelo ebesingakunikeza kulelizwe, ngoba akukho mathemba ngalo. Linye kuphela iThemba, lelo nguKristu, yiqiniso.

56 Ngoba, ukuba-ke isayense namhlanje, izama ukwakha okuthize na? I—i—ibhomu eyoya phezulu le noma okunye... ifake indoda kwisiputniki bese iyithumela phezulu ezibhakabhakeni. IRashiya yenze ukushaya, maduze nje, emhlabeni jikelele, babenendoda ezibhakabhakeni, babeka indoda phezulu emkhathini.

57 Awu, lokho akusiyo into yokushaya ngayo. Saba neNdoda emkhathini iminyaka eyizinkulungwane ezimbili: uJesu Kristu. Hhayi nje ukuhamba uphisi omncane phezulu *lapha* bese ubuyela emuva, kodwa yonke indlela ungene eNkazimulweni futhi ubuye nezixuku zeziNgelosi ukuzosikhonzisa. Ngakho sibe neNdoda emkhathini isikhathi eside, iRashiya ayinalutho kithi. Leyondoda yabuyela ukuzohlala, uJesu angaya nomaphi lapho Efisa ukuya khona.

58 Ngakho si...singasho lokhu: Ukuba-ke namhlanje, manje, bazalwane bami baseCanada, bodadewethu, ukuba-ke namhlanje, leyosayense ibingaphelelisa into ethize ebingahlela igajethi encane ekugcineni kwepulazi lomuntu, futhi angayivula, futhi ine, yehlise imvula ivela ezibhakabhakeni, noma ayivale, enze ilanga likhanye phansi, noma yikuphi obukudinga na? Lokho bekungaba ukuzuza ngempumelelo! O, he!

59 Ukuba-ke besinokuthile abebengathi bebengenza i—indoda e—ebulawa wumdlavuza, ibuye futhi iphile futhi na? Lokho bekungeke kube ukuzuza ngempumelelo! Njengomgomo iSalk wabantwana, waya emhlabeni wonke.

60 Kodwa ake sithi, isibonelo nje, ukuba-ke isayense ibithole okuthile, umuthi omncane abebengawufaka esipunini, futhi angawuthela emlonyeni wekhehla, noma isalukazi, abaneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, futhi ukubhekisise cishe, isiguli, cishe umzuzu owodwa, futhi sibabone bebuyela emuva ekubeni yinsizwa nentombi, enegazi elingasoze laguga, nesidalwa esingasoze safa na? Ngani, izimpempe beziyoshaywa, izizwe beziyomemeza, "Ukufa kwase kuphelile, akusekho-kuguga, akusekho-kufa, sikunqobile." Ngani, bekungaba yinto ethize!

61 Amadoda azama ukuthola lokho ngesu le, awu, lencwadi efundwayo, noma isiko, imfundo, isayense. Yini ebenza bafune lokho na? Yingoba lokho kukhona ndawondawo, yingalesosizathu bekulambela. Njengoba uDavide athi, "Lapho utwa lubizana notwa," ngaphambi kokuba kubekhona utwa lubiza, kuzofanele kubekhona utwa lokusabela kulolobizo.

62 Ngaphambi kokuba kubekhona isigwedlo emhlane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi ayo ukuba ibhukude kuwo kuqala, kungenjalo yayingeke ibe nesigwedlo. Ngaphambi kokuba kubekhona i—isihlahla ukuba simile emhlabeni,

kwakufanele kubekhona umhlaba kuqala, kungenjalo kwakungebebikho-sihlahla.

63 Njengoba bengihlale ngisho, ngenza lesisicaphuno, esikhathini esithize esedlule, ezansi eStates, umfanyana watholakala e—esikoleni, edla amarabha emapenselini akhe. Kwase kuthi-ke umama wakhe wamthola phandle egosini elingemuva, edla isitibili sebhayisikili, isitibili esiyirabha. Futhi bathatha umfo omncane bamyisa emtholampilo ukuba ayohlolwa, futhi ngenkathi benza, bathola ukuthi umzimba wakhe omncane wawudinga isibabule. Ngakho ngakho-ke, isibabule siserabheni, futhi lapho, ngenkathi edla irabha, wayenelisa lokho kulangazelela kwesibabule.

64 Kodwa o, ake ngisho lokhu: Ngaphambi kokuba kubekhona ukulangazelela isibabule phakathi lapho, kwakufanele kube nesibabule ndawondawo ukuphendula kulokho kulangazelela.

65 Futhi lapho kukhona ukulangazelela enhliziyweni yomuntu ukuthola indawo yokuthula, ukuthola indawo yokuphelela, ukuthola ukuphila, ukuthola ibala, umthombo wobusha, lapho abadala bebhukuda kuwo bese bebuya bebasha futhi, kuzofanele kube naleyondawo kuqala, kungenjalo isintu asisoze sayilangazelela.

66 Sibuthene lapha kulomhlangano omncane ukukhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Kuzofanele kubekhona uMthombo ovulwe ndawondawo kungenjalo awusoze wawulangazelela. Kukhona okuthize ezinhliziyweni zenu kulokhu ukusa, nina bantu, okunitshela ukuthi kukhona uNkulunkulu ongaphulukisa. Futhi ngokuqinisekile njengoba lokho kulangazelela kusenhliziyweni yakho, kuzofanele kube noMthombo othize ndawondawo ukwanelisa lokho kulangazelela, kungenjalo ubungeke ube nalokho kulangazelela.

67 Ngamany'amazwi, ngaphambi kokuba kube khona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali ukudala okudaliweyo enhliziyweni yakho. Ngithemba ukuthi lokho kunengqondo, uMdali ukudala okudaliweyo. Ngakho okudaliweyo kufanele kube kuqala bese-ke kuba nguMdali ukukulangazelela.

68 Manje, umuntu uzamile ukuthola lokhu ngesayense, kodwa kukhombisa ukuthi kukhona. Manje, kungani umuntu engakuyeki nje na? Futhi bagubha phansi emhlabathini ukuba bathole izinsalela zamathambo ukuphikisa into ethize futhi bafakazele okuthize. Bathatha futhi babambe ama-atomu omoya bese bebhoboza bese bethola amamolekuli nokunye nokunye bezama uku—ukufakazisa okuthize.

69 Bathatha lemicibisholo ejikijelwayo amamizayili efanayo, futhi ngaso sonke isikhathi bazama ukudala into ethize emgqeni wesayense, uyazibhubhisa, kumsunduzela kude noNkulunkulu ngaso sonke isikhathi. Esikhundleni sokusondela kakhudlwana

ekuzuzeni ngempumelelo, uyazisunduza asuke ekuzuzeni ngempumelelo.

70 Ngenkathi esungula iziqhumane, ubulala umfowabo. Ngenkathi esungula imoto, isayense, yini ayenza na? Ibulala ngaphezu kokuba impushana yenza. Manje, usezitholele ibhomu le-atomu, ibhomu lehayidrojini. Niyabo, uziqhubela kude le kuNkulunkulu.

71 Ensimini yase-Edene kwakukhona imithi emibili, omunye wayo kwakunguMuthi wokuPhila, omunye umuthi wokufa, e, umuthi wokwazi. Futhi ngenkathi umuntu eshiya uMuthi wokuPhila ukuba adle emthini wokwazi, ukuluma kokuqala akuthatha, wazehlukanisa noMenzi wakhe.

72 Futhi njalo lapho eluma kulowomuthi wesayense nolwazi, uzibulala yena, uziqhubela yena aqhele kakhulu. Akaveli ngani abuyele nje eMthini kalula na? Yileso kuphela isisombululo, ukubuya ngendlela uNkulunkulu amenza ngayo okokuqala.

73 Manje, umuntu uzamile ukuzuza ngempumelelo nokho, sonke isikhathi. Manje sicabanga ngoNimrode, lapho ecabanga ngesikhathi esisodwa uNkulunkulu abhubhisa ngaso umhlaba ngamanzi, lenkosana enkulu yaseBabiloni, yathi, "Ngingadlula kulokho." Niyabo, uzama ukuthola into ethize, yimvelo yakhe, umuntu wenza lokho.

74 Wafakazisa imvelo yakhe ngenkathi u-Adamu ethatha ukuluma kwakhe emthini wokwazi, wazehlukanisa noNkulunkulu, wazama ukuzenzela indlela ebuyela kuNkulunkulu ngokuzemboza ngamahlamvu omkhiwane, inkolo, ezenza yena, wayezama ukwenza insindiso ngaphandle kokubuyisana.

75 Futhi sithola leyondoda, isalokhu yenza into efanayo namhlanje, ijoyina ibandla, ifaka igama layo encwadini, izama ukuthola indlela yo—yokusho imikhuleko embalwa ngendlela ethize, noma iphindaphinda izivumokholo ezithi azibe mbili, izama ukuthola insindiso ngaphandle kokubuyisana. Ungeke, ufanele ube nokubuyisana ngesono. Futhi isono ngukungakholwa, asikho esinye isono ngaphandle kokungakholwa.

76 Bengihlale ngisho ukuthi ukuphuza, ukuphinga, nokuthuka akusiso isono, lokho yimiphumela yesono, ungongakholwayo, isizathu sokuba ukwenze. Kodwa uma umkholiwe uNkulunkulu, ubungeke ukwenze lokho. Niyabo? Ubungeke ukwenze, uma uyikholwa.

77 Manje, siyathola-ke ukuthi umuntu uzehlukanise noNkulunkulu futhi njalo ezama ukusebenzisa lowomuthi ofanayo wolwazi ukuba abuyele emuva ngawo, futhi ezithatha eziyisa kude le, ngaso sonke isikhathi.

78 Ngakho-ke sithola uNimrodi, masinyane kamuva wazama ukuzakhela umbhoshongo, umbhoshongo wezenkolo, ukuthi uma uNkulunkulu ephinde wabhubhisa umhlaba, ubeyokwenzani na? Ubeyogibela, futhi athathe abantu bakhe, futhi ahambe ngaphezu kukazamcolo, phezulu e—phezulu e—embhoshongweni, futhi wayeba ngaphezu kwawo. Kwaba yini, kuba yini na? Konke ukuzuza ngempumelelo kwakhe, ezenzela igama elikhulu, wabhubha nombhoshongo wakhe.

79 Kamuva, kwakukhona indoda eyayithiwa yinkosi uNebukadinezari. Futhi yayicabanga ukuthi yayingakha idolobha, ibeke isayense ngaphakathi kwalapho, izisebenzi zayo ezinkulu. Futhi yayiyokwenzani na? Yamisa udonga lwazungeza lomuzi othize obizwa ngeBabiloni, ukuze bakwazi ukugijima umjaho wezinqola phezu kwawo. Amasango, ngicabanga ukuthi ayengamafidi angamashumi ayisikhombisa ububanzi. Futhi ayemakhulu kakhulu ngangokuthi kwathatha cishe impela isixuku samasosha ukushwiba isango livuleke. Akukho-muntu owayengasondela kulokho.

80 Futhi uthi nje angacabanga ukuthi uzuze ngempumelelo okuthile, uvele nje azitike *kangako* kakhulu esonweni.

81 Futhi lapho ibandla liqala ukucabanga, ukuthi, “Ngoba siwu*kuthi-nokuthi*, siyibandla elikhulu, siyibandla elikhulu,” badedela abantu babo ukuba bone, bengakholwa, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule, asisakudingi lokho.”

82 Ngokushesha nje lapho ecabanga ukuthi wenze okuthile, wenze ukuzuza ngempumelelo, esikhundleni sokuza nokuthatha indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yakho, uzama ukuthola indlela ngokwakhe, into ethize angayisho, “Ngenze okuthize.” Umuntu angeke asindiswe ngento eyodwa ayenzayo. Insindiso ingomusa, hhayi ngemisebenzi, kodwa ngomusa, yinto ethize uNkulunkulu akunikeza yona.

83 Manje, sithola ukuthi uNebukadinezari, wathi nje angathola ukuthi wayenze ukuzuza ngempumelelo okukhulu, waphumela egosini lakhe ngolunye usuku wayesethi, “Buka ukuthi ngenzeni,” noNkulunkulu waguqula inhliziyo yakhe futhi wamenza isilwane endle.

84 Umzukulu wakhe uyafika, phezulu, uBelshazari, owayengumzukulu kaNebukadinezari, futhi wathatha kulokho umkhulu wakhe, inhlangano enkulu, kumbe noma kungaba yini, lokho umkhulu wakhe akwenza, futhi wayephila ngokutamasa ngakho.

85 Okungukuthi amaningi amabandla ethu namhlanje, phezu kwesisekelo sabaguquli abakhulu ekuqaleni benze ibandla, futhi sizama ukungena nje kwezokuhlalisana, esikhundleni sohlelo lwensindiso, phakathi ukuba sithi, “Si—singabebandla *elithize-thize*, singamalunga ebandla *elithize-thize*.” Lokho akuhlangene ngalutho nensindiso.

86 Insindiso ingukuzalwa okusha okufika ngeGazi likaJesu Kristu elisihlanza kukho konke ukungakholwa futhi lisehlukanise njengabantu abayinqaba kuNkulunkulu. Insindiso, akusiyo into ethize esiyizuzile. Futhi senza kuphela, awu, sizenza kuphela iziwula, sicabanga ukuthi besingakwenza.

87 Manje, qaphelani, ngenkathi uBelshazari ecabanga ukuthi wayenakho konke ngaphansi kokulawula kwakhe, khona-ke uqala ukuhlekisa ngezinto ezingcwele zikaNkulunkulu uSomandla. Wathola ezinye zezitsha ezazingcwelisiwe futhi uqala ukuphuza iwayini ngazo, nokwenza, ukwenza amahlaya ngabanye bethu. . .njengezinye zezinsuku zethu zesimanje namhlanje, behlekisa ngezinto ezingcwele zikaNkulunkulu. Uthi, "Bayisigejane sabagingqiki abangcwele, a—abazi ukuthi benzani, bawu*kuthi-nokuthi*."

88 Niyazi, sesicishe impela sithole lolohlobo olufanayo lomkhosi kaBelshazari ezweni namhlanje? Behlekisa ngabantu, bathi, "Bayizinhlanya, izinhlanya zenkolo, besingeke sizihlanganise nabo."

Babecabanga ukuthi babephephile ngemva kwaloludonga. Kodwa niyazi, uNkulunkulu angabuka phansi ePhezulu.

Ngethemba ukuthi anginivali izindlebe nina bantu, nginiklabalasela, ngoba bengijwayele ukukhuluma emahholo amakhulu. Ngizohlehla kancane. Niyabo?

89 Manje, lapho ecabanga ukuthi unento ethize, khona-ke uNkulunkulu uyehla futhi ubhubhisa indlu yakhe yokudlala, njengoba Enza kwekaBelishazari.

90 I-United States yaseMelika yethu ethandekayo, besicabanga ukuthi singazuza ngempumelelo okuthize, ngokuba yinzalo yaseNgilandi, evela endlovukazini yolwandle. Yini esiyenzayo na? Sakha umkhumbi, futhi sathi, "Lowo mkhumbi ungeke wacwiliswa," wawubizwa ngeTitanic. Besicabanga ukuthi kukhona esikwenzile, sizuze ngempumelelo okuthile empilweni yasolwandle, ukuthi akekho owayengabeka isandla sakhe kulokho, senze okuthile. Kodwa ohambweni lwawo lokunqamula ulwandle, uNkulunkulu ngesandla saKhe esinamandla, wakhombisa ukuthi lokho umuntu azama ukukwenza kuyocwila futhi kwehluleke, Wawucwilisa.

91 AmaFulentshi, emgqeni weMaginot, acabanga ukuthi zazingeke zisabakhona izimpi emva kweMpi yokuQala yoMhlaba. Emva kweCanada, ne-United States, kanjalonjalo, bawela futhi baxosha amaJalimane emuva, benza umugqa iSiegfried, futhi ngenkathi bekwenza, ngikholwa ukuthi kwakubizwa ngomugqa iMaginot, ba—bakhipha izibhamu, bebheke ngapheseya kweRhine, ngale kungene eJalimane, futhi bathi, "Uma iJalimane ike yaphinde yamashela kithi futhi, siqinisiwe." Kodwa u-Adolf Hitler wamasha wazungeza emva kwabo ngqo, walithatha.

92 Benzani na? Bazama ukuhlala esonweni, abesifazane, iwayini, nesikhathi esikhulu. UNkulunkulu akahlekwa, ningadukiswa, uNkulunkulu akahlekwa, noma yini umuntu ayihlwanyelayo, noma isizwe, bayovuna kanjalo, kubantu ngabanye noma ezizweni.

93 Futhi sifanele sikugcine engqondweni lokho. Sisakholwa ngenhliziyo yethu yonke, ukuthi uNkulunkulu uyasivakashela manje ngesehlakalo esikhethekile ukuba sihlangane lapha eGrande Prairie, kugcineni lokho engqondweni. UNkulunkulu akenzi lutho nje okwenganekwane, Unenhloso ekwenzeni lezizinto, Unokuthize engqondweni yaKhe Azama ukukwenza. Singathola kuphela lokho Akwenzayo, sithole intando yaKhe, bekungasifanela ukuthatha isikhathi esincane futhi sikhuleke, sithole ukuthi uBaba wethu uzama ukwenzani.

94 Manje, siyathola-ke, masinya emva komugqa iSiegfried, noma, umugqa iMaginot, amaJalimane khona-ke azakhela omunye umugqa. Ngikholwa ukuthi wawubizwa ngeSiegfried, enye yayo, kungahle kube ngenye indlela. Kodwa bathi, “Si—si—sizoziqinisa thina uqobo phakathi lapha futhi sibeke yonke impahla yethu—yethu—yethu phansi ngezansi.”

95 Na—nabantu baseJalimane abaligugu babemukele u-Adolf Hitler, undlovu kayiphikiswa, futhi, ukwethembeka, babebeke phezu kwaleyondoda. Ngisanda kusuka eJalimane maduze nje, konke okudingwa yiJalimane ngubuholi, ngase ngithi, “Buka ukuthi nenzeni ngokubeka ukukholwa kwenu phezu kukandlovu kayiphikiswa. Ubaba usenhla ngaleya ngakolunye uhlangothi lendawo, nomama ezansi lapha, nodade esebenza kwenye indawo, nomfowenu ebulewe, futhi bukani ukuthi ninani. Ningabantu abakahle, kodwa nibeke ukukholwa kwenu kumuntu ongalungile. Thatha lokho kwethembeka futhi ukubeke kuJesu Kristu futhi ubone ukuthi uphumaphi.” Abantu abakahle, kodwa bebeka ukwethembeka kwabo endaweni engafanele.

96 Masingatholwa sinecala lalokho. Masibeke ukwethembeka kwethu kuJesu Kristu. Njengoba u-Eddie Perronet amemeza ngehora lakhe:

> Bayede mandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziMthwese umqhele iNkosi yakho konke.

Nakho lapho esikhona.

> Ngokuba kuKristu, ngimi eDwaleni eliqinile;
> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.
>
> Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
> [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]
> Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;

Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba okuthiyayo;
"Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."

97 Sisesikhathini sokuphela. Asithole intando kaBaba wethu, sibe semsebenzini kaBaba wethu, sizame ukungazenzeli igama.

98 Sikuthola phakathi kwabavangeli, abavangeli abakhulu, ngezinye izikhathi bazizwa bebakhulu kakhulu ukuba beze emabandleni amancane nezinto. Igama elikhulu! Linye kuphela iGama elikhulu phakathi kwamaKristu, lelo yiGama likaJesu Kristu, ukuthi onke amadolo ayokhothama kuwo futhi zonke izilimi ziyovuma kulo ngolunye usuku. Lelo yiGama elikhulu phakathi kwethu: uJesu Kristu.

99 Kodwa siyakuthola, iTitanic yethu yacwila, Umugqa kaHitler iMaginot, noma umugqa iSiegfried, noma ngabe kwakuyini, yafihlizwa yaba yizicucu. Sizithola siyini-ke na? Ekupheleni komgwaqo. Ukuzuza ngezimpumelelo kwethu akulungile, pho kungani sizikhohlisa ngakho na? Asithole uma uNkulunkulu enendlela nokuzuza ngempumelelo.

100 Ngenkathi uNkulunkulu wayezobhubhisa izwe, ngesinye isikhathi, ngenxa yesono salo nobubi, uNowa wakhela uNkulunkulu umkhumbi.

101 Asifisi ukuzama ukuzuza ngempumelelo noma yini, ngoba akukho lutho kithi ukuba sizuze ngalendlela, semukela nje lokho osekuvele kuzuziwe.

102 UNkulunkulu wabangela uNowa ukuba akhe umkhumbi owawuyosindisa izwe, uma babeyokukholwa. Kodwa uNkulunkulu wayazi ukuthi babengeke basindiswe, ngakho Wakwenza nje kwaba yizingalo eziningi *kangako* ubude.

103 Njengoba Enza ngezinsuku zikaNowa, Wethembisa ukukwenza ekufikeni kweNdodana yomuntu. UneVangeli, alifinyeleli futhi livumele abesilisa nabesifazane bangene eMbusweni kaNkulunkulu bethwele isono nokungakholwa, kuncane ngokuvuleka, kodwa kuyindlela. Wazi ukuthi ubani owayezongena, kodwa yindlela yaKhe ehlinzekiwe.

104 Wonke lowo owezwa uNowa, emi kulowomnyango futhi eshumayela ukwahlulela . . . Ngezinye izikhathi kuzwakala kuphelele, futhi bekulokhu kunjalo, enhliziyweni engakholwayo, kodwa ukungakholwa akummisi uNkulunkulu, ukungakholwa kuphela kumisa ongakholwayo. Akumi . . . Angeke umise ilanga ukuba likhanye ngokungakholwa, futhi ubungeke umise uhlelo lukaNkulunkulu ngokungakholwa kwakho.

105 UJohane umBhaphathizi wathi, "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe." Niyabo? IZwi likaNkulunkulu likhulumile, Lizofanele lifezeke. Niyabo?

Ukhona ozoLizwa, ukhona ozothola inzuzo yaLo. Sonke singaba nenkululeko yokuzikhethela, singathatha ukukhetha kwethu.

106 Kodwa bukani, kwenzekani ezinsukwini zikaNowa na? Bonke abezwa babebizwa ngohlanya, bahlekisa ngaye phezulu egqumeni, akha lomkhumbi, futhi amanzi ayengakaze ehlele phansi, nesayense ingahle ukuba ifika kuye yase ithi, "Akuphi amanzi na? Ngikhombise ukuthi akuphi."

107 Kodwa uhlelo lukaNkulunkulu alukaze lube phezu kwezinto eziphathekayo, bekungukukholwa eZwini laKhe. Leyo yindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, ukuthatha iZwi laKhe ngakho, uLikholwe, into ethize ongeke uyifakazise ngokwesayense.

108 UNowa wathi, "Ngeke ngakutshela ukuthi lawomanzi akuphi, kodwa uNkulunkulu wangitshela ukuthi azofika, lokho kunganele du." Ngakho wakha umkhumbi, wawulungiselela.

109 Ngenkathi u-Israyeli esebugqilini ezansi eGibhithe, kwakukhona oyedwa ogama linguMose, ngoluny'usuku, owayelusa izimvu, umprofethi obalekayo, ngemuva kogwadule, futhi wabona isihlahla sivutha. Futhi ukhuphuka nabo bonke ubuhlakani ayengabunikwa, wayengafundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha. UNkulunkulu wayembizile ukuba abuyele emuva ezansi, lapho ayenze khona ukwehluleka, nasekuzameni ukuzuza ngempumelelo ngaye uqobo, wabulala umGibhithe, wacabanga, "Impela, ngingumfo." Kodwa niyabo, lapho singena endleleni engeyethu uqobo, sizama ukwenza noma yini ngendlela engeyethu uqobo, siphumile ohlelweni lukaNkulunkulu.

110 Sifanele sithathe iZwi laKhe futhi sihlale naLo ngqo, noma singaLibona noma qha, noma ngabe Libukeka liqinisile noma qha, hlala neZwi laKhe. Kuyinto esivele izuzwe ngempumelelo, ngoba uNkulunkulu ungongenasiphelo, Angehluleke. Akunandaba ukuthi kubukeka kuhlekisa kanjani, nokuthi kubukeka kungesilo kanjani iqiniso, kuzofanele kube yikho ngempela, ngoba U—Ungosezindaweni zonke, owazi konke, ongenasiphelo, futhi U . . . lonke iZwi liphelele.

111 Angeluguqule uhlelo lwaKhe, bengingaluguqula olwami, ungaluguqula olwakho. Ngingasho into ethize, ngifanele ngiyihoxise, ngingumuntu, wena ungowesilisa nowesifazane. Kodwa uNkulunkulu engongenasiphelo, Angeke enze esinye isinqumo ngakho, Ufanele ahlale nesinqumo saKhe sokuqala, ngoba sonke isinqumo siphelele.

112 Niyabo, singabanesiphelo, singathi, "Awu, bengi—ngi—nginephutha." Kodwa Angeke abe nephutha futhi abe nguNkulunkulu. Ngakho lokho isenzo Asithatha e . . . uma Abizelwa enkundleni ngesinye isikhathi ukusindisa umuntu, futhi Wasindisa lowomuntu ezisekelweni ezithize, uma noma yimuphi umuntu, noma ngasiphi isikhathi, noma

kuphi, ehlangana kuleyonkundla efanayo, uNkulunkulu ubophezelekile ukuba akwenze futhi.

113 Uma Aphulukisa umuntu ngenxa yokukholwa kwakhe, Uzofanele ahlangabezane nalesosimo esifanayo isikhathi ngasinye, noma Wenza okungalungile ngenkathi Esindisa umuntu wokuqala, noma ephulukise umuntu wokuqala. Niyabo? Yilokho Asizuzela khona: Ukukholwa! Ukukholwa ukukholwa iZwi laKhe!

114 Manje ngi—ngingahle ngisho lokhu, sengivala, uMose wayengeke adonse lawomaqabunga esihlahleni wase eya ngale endlini yokucwaningela ukuba awahlole ukubona ukuthi kungani engashanga, ukuba kwakukade kunjalo, wamangala ukuthi umuthi wawufuthwe ngani, wayengusosayense qobo lwakhe.

115 Ososayense baseGibhithe babekude ngale kokwethu manje, si. . .bebelokhu benjalo, kuze kuyofika kulesisikhathi ngqo. Bakha ibhubesi elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe nezivivane nokunye nokunye esingeke sakuveza manje, kodwa, babenodayi, babekwazi ukufaka izingubo ezidunjini zabo ezomisiwe ukuze zilondolozwe, lokho namanje kusabamba umbala wakho izinkulungwane zeminyaka, asinayo into enjalo, niyabo. Manje, kodwa babethuthukile kwisayense.

116 Kodwa uMose akazange azame ukuthola isizathu ngokuhlola kwesayense, wavele nje wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe.

117 Yingakho silapha eGrande Prairie. Yingakho lelibandla limi lapha kulokhu ukusa. Akukho phezu kwenkolo yethu ukuzama ukufakazisa ngokwesayense ukuthi singenza amehlo aphuphuthekile avuleke, noma izindlebe ezingezwa zivuleke. Kuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Kusho into efanayo uNkulunkulu ayisho, into ethize esizuzelwe yona futhi siyayikholwa. Asidingi ukukufanisa, uNkulunkulu wakufanisa.

118 Ngeke ngakutshela ukuthi kungani inkomazi emnyama ingadla utshani obuluhlaza, futhi inikeze ubisi olumhlophe, kodwa iyakwenza. Niyabo, angikwazi ukuzifanisa lezozinto, angazi, kodwa ngiyalujabulela ubisi.

119 Angiqondi ukuthi kanjani isoni esiqhothile *kakhulu* ezonweni, ihlazo *elingaka* ngisho nasezinjeni bekungaba nzima ukubuka i—isifebe emgwaqeni, ukuthi iGazi likaJesu Kristu lingakwenza kanjani lokho inenekazi. Angikuqondi lokho, ngiyakwemukela, Yena uyakwenza.

Angiqondi ukuthi kungani mina, indoda eyimpumputhe!

Angiqondi ukuthi kanjani uCongressman Upshaw, isishosha yonke leyominyaka!

120 UFlorence Nightingale, waseNgilandi, uFlorence Nightingale ongasekho, i, awu, i, hhayi ongasekho uFlor-. . .,

umzukulu, umzukulu kamzukulu wakhe, enomdlavuza umudla nya! Nina mhlawumpe, nithole incwadi yami enezithombe kuyo, wayengasindi amaphawundi angamashumi ayisithupha, futhi ungophilile, owesifazane onamandla. Ngeke ngakuchaza lokho, ngenkathi abaphakeme, ongcweti bezokwelapha baseNgilandi nase-Afrika babemenqabile ukuba afe, futhi uyaphila namhlanje. Ngeke ngakuchaza lokho, bazalwane, angizami ukukuchaza, ngiyakukholwa nje.

121 Angikwazi ukusebenzela ukuzuza ngempumelelo okuthile okungokwami. Futhi angeke ngize lapha futhi nginitshele futhi nginichazele ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kini; akekho omunye ongakwenza. Kodwa ngize lapha ukuba ngijoyine ukukholwa kwami nokwenu ukuba sikholelwe eNtweni ethize esizuzelwe yona ngempumelelo, lowo nguJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, Owasizuzela khona ngempumelelo eKalvari.

122 UNowa wayenomkhumbi. UMose wayenenduku esandleni sakhe ukuzuza ngempumelelo ngaleyo. KwakuyiZwi likaNkulunkulu. Wawuzontanta kanjani lowomkhumbi lapho ezinye izinto zingeke zantanta na? Bengingeke nginitshele. UNkulunkulu washo njalo. UMose wayenenduku esandleni sakhe. Yayiyini leyonduku kunoma iyiphi enye induku na? Kodwa yenzani na? Yavala umlomo wabangakholwayo, yavula uLwandle oluBomvu, yaletha amanzi ngesikhathi sokoma, nokudla ngesikhathi sokulamba. Kwakuyini na? UNkulunkulu wayezuze ngempumelelo ngaleyonduku.

123 Izazi, zazinenkanyezi, futhi ngaleyonkanyezi, zalandela ukuzuza ngempumelelo kukaNkulunkulu. Umphongolo wawungukuzuza ngempumelelo kukaNkulunkulu ngalolosuku. Induku yayingukuzuza ngempumelelo ngezinsuku zikaMose. Inkanyezi yayingukuzuza ngempumelelo ngosuku lwezazi.

124 Bazalwane, bodadewethu, bangane baseCanada, uKristu ungukuzuza ngeMpumelelo kukaNkulunkulu kwethu namhlanje, ngokuvuka kwabafileyo, futhi aMethule phambi kwethu, ukuthi Akafile, Uphila kuze kube phakade. Futhi Ulapha manje phakathi kwethu kulentambama, phakathi kwethu manje, ukuba aZikhombise ephila.

125 Akusikho engingakuzuza ngempumelelo nalokho engingakufakazisa, kuyilokho engikholwa ukuthi uNkulunkulu ungizuzele khona ngempumelelo. AnginaZiqu zobuNgcweti, iPh.D., noma iLL.D., angisiyo ngisho nemfundo yokubhalwa nokukhulunywa kolimi esikoleni. Bengingeke ngizuze ngempumelelo lutho, kodwa ngemukela lokho Angizuzele khona ngempumelelo eKalvari, ngenkathi uKristu enikela ngokuphila kwaKhe ngenxa yethu, futhi uNkulunkulu waMvusa ngosuku lokuvuka, ukufakazisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngiyakwemukela ukuzuza ngeMpumelelo kukaNkulunkulu.

126 Futhi kuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ngabo bonke oguliswa isono, noma ogula ngokomzimba, umuntu namhlanje, ngiyanicela ukuba nemukele ukuzuza ngeMpumelelo kukaNkulunkulu. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, senzele umkhuleko.

127 Nkulunkulu oNgcwele nonobuNkulunkulu, siza eBukhoneni baKho, sicela umusa, Nkosi. Asilangazeleli, noma kanjalo asilangazeleli ubulungiswa. Besingeke sakumela ubulungiswa bukaNkulunkulu, ubulungiswa bukaNkulunkulu bebungasilahla, futhi busenze izoni, futhi busixoshe.

128 Asiwufisi umthetho waKho, Baba, ngoba umthetho waKho usenza sonke sibe yisoni. Kodwa sifisa umusa waKho, sifisa umusa waKho oxolelayo ngoJesu, iNdodana yaKho, okungukuthi bonke abazokholwa wemukelwe.

129 Asizami ukulinganisa noma yini, Baba, ukwenza noma yikuphi ukuzuza ngempumelelo okuthile, ukusenza inhlangano noma ihlelo. Asizami ukuzenza sibe bakhulu, kodwa sihlala nje sizithobile futhi, siyaKubonga ngokuZuza ngempumelelo Osenzele khona, ngokuba oyakuzithoba uyakuphakanyiswa; kodwa lowo oziphakamisayo ngokuzuza ngempumelelo kwakhe uqobo, kusobala, uyakuthotshiswa.

130 Busisa lelibandla elincane, Nkosi, umelusi walo oligugu, lababazalwane abaligugu onathi namhlanje, abadikoni, abaphatheli, laba besifazane abathandekayo, amantombazane asemancane, nezinsizwa zihlezi lapha, nje ekuguqukeni kwempilo.

131 Nkulunkulu, siphe umusa waKho, semukela ukuZuza ngempumelelo kwaKho ngoJesu. Siyakholwa ukuthi Wafa, ya, ngaphezu kwalokho, Wabuye wavuka ngosuku lwesithathu ngenxa yokulungisiswa kwethu. Sikholwa ukuthi Wenyukela kweliphezulu, futhi lapho wathumela emuva uMoya oNgcwele ukuba abe nguMmeleli nokusihola nokusiqondisa, uKristu esimweni sikaMoya, oyophila kithi futhi enze imisebenzi efanayo uJesu ayenza ngoba UngukuPhila kwaKhe kithi.

132 O Nkosi, kwangathi amathempeli ethu angahlanzwa, izinhliziyo zethu zihlanzwe kukho konke ukungakholwa, imiphefumulo yethu yenelisekile ngoKristu, ukuZuza ngempumelelo kwaKho. Futhi kwangathi singakwazi ukuthatha isihawu saKhe neZwi laKhe futhi siMlethe abe ngokoqobo *kakhulu* kulababantu kulentambama, ukuthi inqobo nje uma isekhona iGrande Prairie, inqobo nje uma kusenabantu lapha aba, abasakholwa, sengathi indaba ingaxoxwa, ngenxa yoBukhona baKhe.

133 Kwangathi kungabangela imvuselelo eyimfashini endala ukuba iqubuke phakathi lapha, imiphefumulo eminingi isindiswe, ngokuba lolu, mhlampe, wusuku olukhulu lokuhanjelwa, lapho sonke sesibuthene ndawonye

